basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

## IBANGA LE-12

## ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LESITHATHU (P3)

## FEBRUWARI/MASHI 2016

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-6.**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (30) |
| ISIQEPHU C: | Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo | (20) |

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Amaminithi angama-80 |
| ISIQEPHU B: | Amaminithi angama-40 |
| ISIQEPHU C: | Amaminithi angama-30 |

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

**QAPHELA:** Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Leli Iqhawe/Iqhawekazi Lami. **[50]**

1.2 Bhala indaba ngesihloko esithi:

Ubuhle Nobubi Bokuba Ngusaziwayo. **[50]**

1.3 Abantu abanemali eningi nabo banezinkinga ezahlukene. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Imali Iyikho Konke Yini Empilweni Yomuntu? **[50]**

1.4 Bhala indaba ezogcina ngala mazwi:


... alikho iqiniso emhlabeni. **[50]**

1.5 Emhlabeni sidalwe ngezindlela ezingafani futhi sineziphiwo ezahlukene. Bhala indaba ngesihloko esithi:

Kubalulekile Ukwamukela Lokho Oyikho. **[50]**

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku*School Life Magazine,* 2010] **[50]**

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Ngonyaka ozayo ufisa ukuyokwenza izifundo zomthetho (Law) eNyuvesi yaseFreystata. Abazali bakho abanayo imali eyanele yokukufundisa. Bhalela umalume wakho incwadi umcele ukuba akusize ngokukukhokhela eNyuvesi. **[30]**

2.2 **UMLANDO NGOMUFI**

Udadewenu ushone emuva kokugula isikhashana. Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando kadadewenu ozofundwa enkonzweni yakhe yokugcina. Bhala umlando ngomufi. **[30]**

2.3 **I-AJENDA NAMAMINITHI**

Kade uye emhlanganweni lapho bekukhulunywa ngokuthuthukiswa kwamakhono abantu abasha endaweni yangakini. Bhala i-ajenda namaminithi alowo mhlangano. **[30]**

2.4 **INGXOXO/IDAYALOGI**

Ngesikhathi uhamba e-Mall uhlangane nomngani wakho owahamba kudala nezimpahla zakho ngesikhathi ekuvakashele ekhaya. Bhala ingxoxo/idayalogi ephakathi kwakho naye. **[30]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 30**

## ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **ISIKHANGISI**

Uvule ibhizinisi lokubhaka zonke izinhlobo zamakhekhe. Bhala isikhangisi ozosifaka ephephabhukwini. **[20]**

3.2 **IPHOSIKHADI**

Uwine ithikithi lokuya ezweni laseNdiya amasonto amabili ukuyobuka imiqhudelwano/imincintiswano yeNdebe yoMhlaba yekhilikithi. Bhalela umama wakho iphosikhadi umxoxele ngohambo lwakho. **[20]**

3.3 **IRESIPHI**

Ungenele umncintiswano wokupheka esikoleni senu. U-Curry wenkukhu obewuwuphekile yiwona ophume phambili. Umnikazi webhizinisi lokupheka obehambele lo mncintiswano ukucele ukuba umbhalele le resiphi. Bhala iresiphi yo-Curry wenkukhu. **[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**